**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesibili)**

**ISIKHATHI: 3 amahora**

**IMIKLOMELO: 100**

---

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B, noC.
- Umbuzo 1 esigabeni A umbuzo oyimpoqo.
- Embuzweni 2 khetha uphendule imibuzo emibili.
- Esigabeni B phendula owodwa kanye nasesigabeni C.
- Uma ukhetha ukuphendula umbuzo oyingxoxo esigabeni B uphoqelekile ukuphendula omfushane esigabeni C. Uma ukhethe ukuphendula umbuzo omfushane esigabeni B uphoqelekile ukuphendula umbuzo oyingxoxo esigabeni C.
- Umsebenzi obhalwe ngobunono uyaziswa kakhulu.

---

## ISIGABA A
### IZINKONDLO

### UMBUZO 1

1.1 Funda isiqeshana senkondlo bese uphendula imibuzo engezansi.

> Liyan' izulu lezinganono nezibhamu...
> a) <u>Konke kuhlezi kumithiswe ngezinhlamvu;</u>
> b) <u>Liyahangul' izulu legazi nezinyembezi</u>
> Bonke bahlezi balindel' elokufa;
> Ngezulu lamadod' eqophisana namajaha...
> Kazi iyozala nkomoni lempi yolim'
> Ezweni lezinhlanga nezinhlangano:
> Nkosi, busis' i-Afrika...
> Busis' i-AFRIKA!

1.1.1 Yisiphi isihloko esingahambelana nale nkondlo? (1)

1.1.2 Zifenqo zini eziqukethwe yile misho edwetshelwe? (2)

1.1.3 Chaza lesi sisho:

"Kazi iyozala nkomoni" (1)

1.1.4 Shono kube kubili okudala lesi simo okukhulunywa ngaso. (2)

1.1.5 (a) Moya muni oqukethwe yile nkondlo? (1)
(b) Sekela impendulo yakho. (1)

1.1.6 Khipha ukuxhumana okusenkondlweni bese uyasho ukuthi nhloboni yokuxhumana. (2)
**[10]**

**UMBUZO 2**

***Imvubelo* – A.M. Maphumulo**

Phendula imibuzo EMIBILI kulesi sigaba.

2.1 Funda isiqeshana senkondlo bese uphendula imibuzo engezansi:

Namhla ngingumfula ngiyaholobha,
Nginemingenela manxa onkana.
Ngimachibichibi,
Ngimachweba,
Ngimazibuko.
Abomile baphuza kimi!

Nokho nginomthombo ...
Cha, ngangiпomthomb' opholile;
Ompompozayo –
Leso siphethu singapheli nsuku zonke
Nenkezo negobongo
Ebengicakula ngayo ngingaphezi!

Zafika lezo vuvu zamasuku
Amathumb' ezipheth' aphothana.
Inyama eyayiqine kwasansimbi
Yaluphala yabuna,
Yafinyela gongo,
Yathula,
Yathul'ungothula yebuya.

2.1.1 Hlobo luni lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho. (2)

2.1.2 Ichazani imbongi ngale migqa:

"Nokho nginomthombo ...
Cha, nganginomthomb' opholile;" (1)

2.1.3 Ihlobene kanjani imbongi nalo muntu ekhuluma ngaye? (1)

2.1.4 Sifenqo sini lesi esitholakala kulo mugqa:

"Namhla ngingumfula ngiyaholobha" (1)

2.1.5 Phawula ngesakhiwo semigqa kule nkondlo. (1)

2.1.6 Shono kube kubili imbongi ekukhumbulayo ngalo muntu? (2)

2.1.7 Chaza umehluko phakathi kwalezi zinhlobo zamanzi:

(a) Ichibi. (1)
(b) Isiphethu. (1)

2.1.8 Ichazani imbongi ngala magama athi:

"Abomile baphuza kimi!" (1)

2.1.9 Tomula isifaniso esigabeni sesithathu bese uyachaza ukuthi imbongi isho ukuthini? (2)

2.1.10 Nhloboni yemvumelwano esesigabeni sokuqala? Tomula isibonelo sayo. (2)
**(15)**

**NOMA**

2.2 Funda isiqeshana senkondlo bese uphendula imibuzo engezansi:

Masehlele phansi komuthi,
Masihlal'emthunzin'opholile
Silalel'izinyoni zitshiloza
Ngamaphimbophimb'afana noju,
Sikhohlw'umhlab'ohlabayo,
Sibon'umhlab'usungowethu.
Sondela sihlangan'okwebumba,
Ak'utshiloz'emnand'ingoma
Zike zithol'ikhef'izinyoni
Kade kusile zibelesele
Zisibongela ngothando lwethu,
Abantu basifel'umona.

Ndoni yami yamanzi,
Ufana nelanga liphum'ehlobo,
Elakh'ikhanda yimbokod'ebushelelezi
Namabhamuz'afana nakaMabhengwana,
Kweyam' ufana nembal'eqhakazil'endle,
Ubusika nehlob'awubuni,
Ngikhanyisele ngobhaqa lothando,
Impilo yami iyachichima,
Ngothando lwakho S'thandwa,
Uyinduduzo kowam'umphefumulo.

2.2.1 Moya muni oqukethwe yile nkondlo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amathathu. (3)

2.2.2 Tomula imigqa efakazela lokhu:

(a) Isithandwa sembongi sinamehlo amakhulu. (1)
(b) Isithandwa sembongi sinsundu ngokwebala. (1)

2.2.3 Dwebela izinhlamvu ezibonisa ukuthi kunofanangwaqa kulo musho:

"Sikhohlw'umhlab' ohlabayo" (2)

2.2.4 Khipha imisho ebinzeni lokuqala enalokhu okulandelayo:

(a) Injambamenti. (1)
(b) Isifaniso. (1)

2.2.5 Khipha imvumelwano etholakala ebinzeni lokuqala bese unikeza isibonelo. (2)

2.2.6 Tomula imvumelwano sigcino ebinzeni lokuqala. (1)

2.2.7 Ebinzeni lokuqala kukhona uhlobo lokuxhumana, shono ukuthi hlobo luni bese ukhipha imisho enalokhu kuxhumana. (2)

2.2.8 Yini umsebenzi wobhaqa? (1)
**(15)**

**NOMA**

2.3 Funda isiqeshana senkondlo bese uphendula imibuzo engezansi:

**KWELAKITHI**
B.F. Ngema

Lezo nsengwakazi ezibhonsayo
Kuphose kugqabuk'iphimbo
Zenanelw' ukukhala kwamandekane;
Okuzwa kunyant'igazi;
Kuyangitshela, lapha kukwelakithi
Kweleyami inkaba.

Lolo nyelel' olufinineka phakathi
Kwezihlahlan' ezimboz'amaqele,
Kuhle komoya womngenela,
Lungifice ngiphumule kwelami,
Ilawu lotshani nodaka,
Luphele lonk'usizi.

Ngiphumel' emnyango ngokuguqa,
Ngikhangw' amadlel'aluhlaza,
Ezansi namafindo ezintaba
Ngibone abakhapheyana bezalukisa
Izinkomo, izimbuzi nezimvu
Lapho-ke kukwaMalandela.

Ngenhlazane laph' imvelo
Isihlobe ngakho konke,
Ngiduduzw' ikakhulu yileyo
Mibhonso yezinsengwakazi
Nemizwilili yezinyonyana zehlobo,
Okuhlangana kwenz' umpe lothando.

2.3.1 Ake unike umqondo osobala wale nkondlo. (4)

2.3.2 Gagula isifenqo esitholakala kulo musho:

"Kuhle komoya womngenela" (1)

2.3.3 Lichazani leli binzana lamagama:

"Kweleyami inkaba" (1)

2.3.4 Kukuphi kwaMalandela? (1)

2.3.5 Shono kube kubili okuthakaselwa yimbongi kule ndawo yakubo. (2)

2.3.6 Shono isizathu esenza ukuthi imbongi iphume emnyango ngokuguqa. (1)

2.3.7 Isuke injani imvelo uma ihlobile? (1)

2.3.8 Ake unike amagama afana nalana alandelayo:

(a) Umpe. (1)
(b) Insengwakazi. (1)
(c) Abakhapheyana (1)

2.3.9 Ngokuzwa kwakho inkondlo, ngabe iphumula kuphi imbongi? (1)
**(15)**

**NOMA**

2.4 2.4.1 Hluza le nkondlo elandelayo ngokulandela le migomo engenzansi:

(a) Uhlobo lwenkondlo. (2)
(b) Umqondo osobala wenkondlo. (4)

**LAFA SILIBHEKILE**
**K.E. Hlongwane**

Wuwe nkece wuwe,
Wuwe magan' edlula,
Wuwe litshe lomnqakiswano,
Wuwe lukhamba lomjikelezo.
Bakuthatha uthatheke,
Bakuphonse le nale uvume.

Umuhle uyacwazimula;
Uyakhanga unewozawoza.
Uma nginawe ngizwa ngiphelele,
Uma nginawe ngizizwa ngisimeme,
Kanti ngisimamiswe wukulutheka,
Ngomzuzwana kimi uzob' ungasabonwa,
Ngomzuzwana ungasafaniswa nakufaniswa.

Ngakweshela ngomdlandla,
Weza kimi sethembisana;
Kanti ngamadlingozi esikhashana,
Kanti wukuthatheka komzuzwana.
Zeza izivunguvungu neziphepho,
Zafika ngamandla wazamazama,
Wagunqagunqa sakuzabazabalaza,
Ngokucwayiza wawungasekho.

Kwala sengakufak'isisinga,
Ngithi ngizam' ukukukinatela,
Ngokungazi lapho umncane ngakhona,
Ngadumel' umunwe ngithi: "Ngakuthola!"
Kwabe kazifikile izikhukhula,
Ziza namadlambi ziza nesichotho,
Ziza noju nobisi wantengantenga,
Zakhukhula konke nesisingana leso.

2.4.2 Tomula izinhlobo ezimbili zemvumelwano ebinzeni lokuqala uphinde usho ukuthi ziyizinhlobo zini. (4)

2.4.3 Hlobo luni lokuxhumana lolu olukule migqa elandelayo:

Wuwe nkece <u>wuwe</u>,
<u>Wuwe</u> magan' edlula (1)

2.4.4 a) Chaza leli gama elidwetshwelwe kulo mugqa olandelayo:

"Ngithi ngizam' <u>ukukukinatela</u>" (1)

b) Kusuke kuyini inhloso yokukinatela into? (1)

2.4.5 Igama isisinga lisetshenziswe njengesingathekiso, shono ukuthi simele liphi igama kule nkondlo. (1)

2.4.6 Tomula igama elibonisa ukuthi imali iyathandeka. (1)
**(15)**
**[30]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

## ISIGABA B

### UMBUZO 3

Khetha uphendule umbuzo owodwa kulesi sigaba. Uma ukhethe umbuzo omfushane usuyophoqeleka ukukhetha omude esigabeni C, kanti uma uphendule omude usuyophendula omfishane kuC.

***Ngiwafunge Amabomvu*** **– L. Molefe**

3.1 UThulisile wayengathandi ukuba sesigodlweni yingakho-nje esibiza ngomgede wezimpisi.

Xoxa ngezinto ayezenza ukubonisa ukuthi wayengathandi ukuba lapho. **[30]**

**NOMA**

3.2 Funda lezi ziqeshana zomdlalo bese uphendula imibuzo ezolandela:

**Isiqeshana A:**

*(Kusesibayeni emzini wenkosi. Inkosi ihlezi nezinceku zayo kanye noMzwezwe, kayisifakile isicoco. Ibandla lithe shaye phambi kwayo. Ngakwesokunxele kuqhamuka iviyo labantu ababoshwe ngentambo eyodwa baxhunywa balandelana. Ababoshwa laba baholwa nguMsanka, oyisiboshwa naye, kulandele uZaba, noThulisile, noThulile kanye nezimpelesi zabo. Bafika bamiswa phambi kwenkosi bakleliswa..)*

MGIDI: *(Uluhlaza cwe, nokho ulaka uluthukusile).* Basuseni phambi kwami, ngiyabenyanya!

*(Basuswe bamiswe laphaya buqamama).*

Mzwezwe, ake ubathele ngentelezi, ubabhule ngeshoba lenkonkoni ukuze bangasitheleli ngomshophi.

*(Ababhule uMzwezwe, aqede abathele ngentelezi. Abuye azoma eceleni kwenkosi).*

IBANDLA: Bayede! Wena wendlovu!

MGIDI: *(Asho ngesihosho).* Bandla lami, bonke laba bazoklinywa bafe. Bazoklinyelwa phambi kwenu. Ngifuna ukubakhombisa ukuthi ubaba wayewenzenjani amahlongandlebe esizweni sakhe.

IBANDLA: Wena wendlovu!

MGIDI: Okokuqala nje, ngicela nazi ukuthi umgcagco wami nalezi zintombi zakwaMajola wonakele, UMajola, iqhawe lami ubukhombise bonke ubuqotho bakhe ngezingane zakhe. Yizona ezilahlekelwe wunembeza zabona ukuthi lapha koMkhulu yisenkundleni yazo yombango.

3.2.1 Ngaphandle kukaZaba namawele ngobani abanye abazojeziswa? Nikeza ababili. (2)

3.2.2 a) Yini isihosho? (1)

b) Ukukhuluma kukaMgidi ngesihosho kukhombisa ukuthi ubekusiphi isimo? (1)

**Pheqa ikhasi**

3.2.3 Ake uchaze ukuthi yingani uZaba noThulisile bebizwa ngamahlongandlebe. (4)

3.2.4 Inkosi uMgidi utholakala enolaka olukhulu, ake usho okubili okwadambisa ulaka lwakhe wagcina esexolile. (2)

3.2.5 Ake usho izizathu ezifakazela lokhu okulandelayo emdlalweni:

a) Inkosi uMgidi ungumlingiswa ongenalo unya. (2)
b) UMsanka ungumlingiswa onovalo. (2)

3.2.6 Yiliphi ihlazo elikhulu uThulisile noZaba abalilethela uMgidi? (1)
**(15)**

**Isiqeshana B:**

| | |
|---|---|
| ZABA: | Ake ungidedele ngikhulume nawe Thulisile. Musani ukuthanda ukungibona ngiqhekezeka phakathi njengembumba. |
| KHONZENI: | Ake umncenge bandla ndlunk... |
| ZABA: | Uthini? (*Aswace kabi-kabi*). Uthi ndlunkulu kubani? Undlunkulu wakwabani lona? |
| KHONZENI: | Ngiyaxolisa bandla. Hhawu hhe...e, yeka okwami...! |
| THULISILE: | Zaba, ake wehlise umoya... |
| ZABA: | Ake nithule. Khonzeni, uThulisile ngihamba naye manje. |
| KHONZENI: | Kahle Zaba... |
| ZABA: | Yima, lalela, wena kukuwena ukukhetha. Ungahamba nathi ukuze uphephe, kumbe uphindele esigodlweni uyotshela leli vaka lesigwadi esinguMgidi ukuthi ngimthathile uThulisile. |
| THULISILE: | Zaba... |
| ZABA: | Yima Thulisile. *(Abheke uKhonzeni).* Uma uMgidi eyifuna le ntombi awelele koGagashe lapho ngiyokhonza khona. *(Akhale uKhonzeni).* |
| THULISILE: | Zaba, kahle ngolaka. Kahle sithandwa sami. Yima. Angiphindele emuva ngiyohlela kahle. Ngicela ukuthi ubuye uzongilanda ngihambe kahle ngizamile ukufihla izinto ezizosivimba endleleni. |

3.2.7 Chaza ukuthi yingani uZaba engalifuni igama likandlunkulu. (1)

3.2.8 UZaba ubiza inkosi ngevaka nangesigwadi, ingabe uqinisile yini? Veza owakho umbono, uwesekele. (4)

3.2.9 Yini lena eyayithukuthelise uZaba kangaka? (2)

3.2.10 Nikeza isizathu esenza uThulisile ale ukuhamba noZaba. (1)

3.2.11 Ake ukhiphe isixakaxaka kulo mdlalo. (2)

3.2.12 Chaza isizinda somdlalo ngaphansi komgomo wesikhathi. (3)

3.2.13 Shono okwabangela ukuthi imizamo kaMzwezwe yokudlisa uThulisile intando ingaphumeleli. (2)

**(15)**

**[30]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [30]**

## ISIGABA C

### UMBUZO 4

Khetha uphendule umbuzo owodwa kulesi sigaba. Uma ngabe ukhethe umbuzo omude esigabeni esingenhla usufanele ukuphendula omfishane lapha. Kanti uma ngabe uphendule omfishane kuB phendula-ke omude kulesi sigaba.

***Isigcawu Senkantolo* – M.M. Masondo**

4.1 Le ndaba yenzeka endaweni eyidolobha, esikhathini samanje. Ulimi olusetshenziswayo nendlela abantu abaphila ngayo kufakazela lokhu. Xoxa-ke ngalokhu okulandelayo ubhekise kuleli noveli:

4.1.1 Indawo (12)
4.1.2 Ulimi (6)
4.1.3 Isikhathi (12)
**[30]**

**NOMA**

4.2 Funda lezi ziqeshana ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Isiqeshana A:**

Agxume aye phezulu uKubheka, "Ini! Awuboni ngani ukuthi ufaka mina otakwini engizama ukuphuma kulo, Mbomvu?

"Kahle ngovalo entanyeni Khathide. Le ncwadi ayibhaliwe ukuthi imali iphuma kubani futhi iya kubani. Ababhali bale ncwadi bayothatha ngokuthi kwenzeke iphutha kubo. Ukusuka lapho bayoke bame ukufuna izimali ukuze babone isimo sezinto," kuchaza uNgubane.

"Kosizani-ke lokho Mbomvu ngoba laba bantu bobuya sebebuya ngenye indlela," kubuza uKubheka.

"Kungaleso sikhathi-ke lapho ngobe ngilungisa bonke onoxhaka bami ngaso. Mayelana nemali yakho ungesabi iyobe ihleli ezandleni zamaphoyisa. Sekothi uma sekulunge konke bese ngivela ukuze ngithole imali leyo," kuchaza uNgubane.

"Kodwa lokho Mbomvu kufana nokuthatha ishansi," kusho uKubheka sakweyisa.

Akuphawule lokho uNgubane. Abese ezama ukufihla ukunengwa kwakhe, "Uyazi ukuthi Khathide uma ungafuni ummeli osebenza ngamashansi, ngingakutshela kwamanje ukuthi dlulela phambili. Mina ngokwazi kwami ukuthi nanxa bewufundele abameli umsebenzi wabo, kodwa ngezinye izikhathi kufanele bathathe amashansi."

4.2.1 Ake uchaze kabanzi ukuthi ama "blackmailers" alithola kanjani iqhinga lokufuna imali yemvalamlomo. (6)

4.2.2 Zine izindlela zokuphunyuka kuma "blackmailers". Eyokuqala ukuthi umane uzimisele ukwenza konke okudingwa yiwo. Shono ezinye izindlela zibe ntathu. (3)

4.2.3 Iyiphi ingwijikhwebu eyenzeka enkantolo? Shono nokuthi yenzeka kanjani? (3)

4.2.4 Ake ukhiphe izigameko zibe ntathu lapho kutholakala khona udweshu kuleli inoveli. (3)
**(15)**

**Isiqeshana B**

Aqhubeke uNgubane athi, "Sesingehlukana manje Khathide, kodwa uqaphele abakwasidlodlo. Nginezinsolo zokuthi bangahle bafike bezothi ukucinga ekhaya lakho. Mhlawumbe kudala bekwenzile lokho ngesikhathi sivalelwe."

Athuke kakhulu uKubheka uma ezwa lawo mazwi kaNgubane, "Hhawu! Hhawu! Nkosi yami! Ngangena obishini!" ezikhalela.

"Bishi lwani lolo oselukukhalisa kangaka Khathide?" kubuza uNgubane.

"Uma kunjalo ngempela Mbomvu kusho ukuthi sekuphelile ngami nomkami! Izingubo zomkami akade ezigqokile zimanzi futhi zisagcwele isihlabathi. Ngikhohlwe ukuzikhipha endlini yangasese izolo ebusuku," kuzikhalela yena uKubheka.

Uzothini umkakho uma bembuza ngazo?" kubuza uNgubane naye sekubonakala ukuthi udangele impela ukuzwa lokhu.

"Lutho," kusho uKubheka, "Ufungile ukuthi ngeke asho lutho noma kubani ozombuza ngalolu daba".

4.2.5 Yini lena eshiwo uNgubane ethuse uKubheka? (1)

4.2.6 Chaza ukuthi zazimanziswa yini izingubo zomkaKubheka? (1)

4.2.7 Ngubani igama lomkaKubheka? (1)

4.2.8 Yiluphi lolu bishi asengene kulo umkaKubheka? (1)

4.2.9 Ngowakho umbono, iyini indikimba yaleli noveli? Tomula izigameko ukufakazela impendulo yakho? (3)

4.2.10 Iyiphi inkinga asala ebhekene nayo uKubheka emva kokunqoba icala lomkakhe? (1)

4.2.11 UKubheka naye uvele engumlingiswa oyisigebengu, fakazela lo mbono ngezigameko ezimbili encwadini. (2)

4.2.12 Khipha uheho olutholakala kuleli noveli. (3)

